**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUNIKEZELWA KWENKONTILEKA YOKUSEBENZA KWAMABHASI E-PORT SHEPSTONE.**

04 May 2012.

Mphathi wohlelo;
Ikomiti lezokuThutha esiShayamthetho;
AmaKhosi;
UMeya waseHibiscus Coast;
AmaKhansela;
Ubuholi bemboni yokuthutha umphakathi (amabhasi namatekisi);
Osomabhizinisi;
Zonke izinhlaka esisebenzisana nazo;
Abezokugcinwa komthetho;
Abezindaba;
Bafowethu nodadewethu;
Ngiyanibingelela nonke.

Mangiqale ngokuthatha leli thuba nginibonge nonke ngokuba yingxenye yalo mcimbi esiwuthatha njengobalulekile namhlanje. Namhlanje sibona kuqopheka umlando kwezokuthuthwa komphakathi - hhayi e-Port Shepstone kuphela, kodwa eKwaZulu-Natali yonkana.

Egameni likaHulumeni, sifisa ukusho ukuthi umNyango wezokuThutha kulesi fundazwe kade waqala ukwenza izinhlelo zokuqinisekisa ukuthi kuba nezinguquko ezibonakalayo emkhakheni wokuthutha umphakathi. Kafushane nje, uHulumeni wenza ngokusemandleni ukuqinisekisa ukuthi zonke izinhlangothi, olwabanikazi bemboni yokuthuthwa komphakathi nolwabagibeli, ziyahlomula ezinhlelweni ezihlose ukwehlisa umthwalo emahlombe abo bonke.

Kuyadabukisa-ke nokho ukuthi ngenkathi sifuna ukuletha uguquko olufanelekile, kwesinye isikhathi kuba nabantu okumele baphazamiseke. Kwesinye isikhathi izimo zisiphoqa ukumisa nse ukusebenza kwezithuthi, okuyinto esuke izophazamisa kakhulu abagibeli bethu.

Yingakho-ke ngibona kubalulekile nalapha ukuba ngedlulise ukuxolisa okukhulu emphakathini wakithi ongabagibeli.  Asikuvume ukuthi sekuthathe isikhathi eside kangaka lungaphothuliwe udaba lokufakwa kwamabhasi kule ndawo. Siyabazi ubunzima obubhekene nabantu bakithi ngenxa yokungabi nohlelo lwezokuthutha olwanelisayo.

Siyazi-ke ukuthi njengoba besisalokhu sicathulisana ngokuthi kungene nabemboni yamatekisi kulo mkhakha wamabhasi, ngempela akubanga yinto eyenzeka ngosuku olulodwa. Kuningi obekudinga sidlule kukona ukuhlanganisa nokuqeda ukushayisana kwemibono kwabanye ababambe iqhaza kulo msebenzi.

Namhlanje-ke sithe njengomNyango masinimeme nonke lapha njengezinhlaka esisebenzisana nazo ukuze nibe ngofakazi ngenkathi simemezela ngokusemthethweni ukuqala kohlelo lokuxhaswa kwamabhasi aziwa nge-Ugu Transport Services ahambela izindawo zalapha ePort Shepstone.

Mhlambe umuntu angathatha leli thuba athi ukuyichaza indaba yamabhasi kule ndawo. Kusukela ngonyaka ka-2006 ukusebenza kuqale ukuba nezinselelo ngenkathi inkampani ebiyenza lo msebenzi isisebenzisa amabhasi angekho esimweni sokuba semgwaqeni. Bekukhona nenselelo yokuthi amabhasi engatholakali ngezikhathi zonke ezifanele futhi kulokhu kwanda izinhlawulo okumele inkampani yawo izikhokhe.

Ngemuva kokuba umNyango usuwengeze ngenye imali yomxhaso ngenhloso yokutakula leyo nkampani, kwaqhubeka kwangabakhona ubungcono. Kwathi nango-2007 ngenkathi amaphoyisa ethu ehlola lamabhasi kwadingeka kukhishwe emgwaqeni uhhafu wawo ngenxa yokungabi esimweni sokuba semgwaqeni.

Masikucacise-ke ukuthi kuningi ukungenelela esidlule kukona njengomNyango, silekelelwa yi Komiti lezokuThutha kwisiShayamthetho saKwaZulu-Natali, emizamweni yokulekelela ukuba lungafadalali uhlelo lokusebenza kwamabhasi phambilini kule ndawo kodwa kwanhlanga zimuka nomoya.

Siyazi futhi ukuthi ezinkingeni ezibekhona phambilini kuze kwaba nokungenelela kwenyunyana yabasebenzi kwaze kwafikiswana ezinkantolo, esikubongayo nako ukuthi sihlale sibambisene njengoba sisemzabalazweni wokwenza ngcono impilo kubantu kuhlanganisa nabasebenzi.

Sesinethemba-ke manje ukuthi ngale mizamo esesiyenza namhlanje isimo sesizokuba ngesamukelekile. Izingxoxo esesidlule kuzona nale nkampani entsha zenza sikholwe ukuthi sisemgwaqeni ofanele manje.

Kuyangijabulisa ukusho ukuthi njengomNyango sesenze isivumelwano noGu Transport Services ziwu 16 August 2011 ukuba basebenze njengenkampani yamabhasi ezoxhaswa nguHulumeni ePort Shepstone. Le nkampani ihlanganisa inkampani yabamatekisi i-Sesizamile (PTY) Ltd enamasheya angu- 48% kulomsebenzi, nenkampani yabamabhasi enamasheya angu-20%, kube namanye amasheya angu 40% omtshali-mali ozimele owaziwa nge-equity partner.

I-Board yama Directors yoGu Transport Services yakhiwe amalungu amahlanu aqhamuka ezinkampanini zombili. Kukhona abathathu abavela enkampanini yosomatekisi bese kuba ababili abavela kwabamabhasi.

Lesi sivumelwano senziwe ngokulandela umthetho we-National Land Transport Act, Act 5 of 2009, obalula ukuthi njengoHulumeni singasenza isivumelwano ukuze kufezeke loku okulandelayo:

i) Sikhuthaze ukufukulwa kwababencishwe amathuba phambilini kanye nosomabhzinisi abancane
ii) Sididiyele lo msebenzi wamabhasi ohlelweni lokuhlanganiswa kwemisebenzi yonke yokuthuthwa komphakathi
iii) Sihlele kabusha ukusebenza kwezinkampani ezingaphansi kukaHulumeni noma omasipala ukuze kungabi nabaphethe imisebenzi ngabodwa.

Lo mthetho uphinda ugcizelele ukuthi izingxoxo kumele zibandakanye abanikazi bezithuthi ezivele zisebenzela kuleyondawo, okungaba abamabhasi noma abamatekisi, kanye nalabo abasebenza ngokwezinkontileka ezixhaswe nguHulumeni.

Ayikho inkampani ebithola i-subsidy ebe yingxenye yalesi sivumelwano njengoba ingekho ebikhona ngenkathi kuqhubeka izingxoxo. Ngakho-ke i-Ugu Transport Services yakhiwe ngosomatekisi kanye nabamabhasi abasafufusa.

Kulo msebenzi sithe izinkambo okwamanje zizodinga amabhasi angu-39 bese kuba nawu-6 azogada uma kunenkinga edinga elinye ibhasi emzileni othile. Ngokwezibalo, imali yokwenza umsebenzi izoba ngu **R3, 215,405.00** ngenyanga. Imali yoxhaso ngenyanga izoba ngu-R3, 089,000.00 ngonyaka wezimali ka- 2012/2013. Imali okumele ingene ngenyanga ekhokhwa ngabagibeli ngonyaka wokuqala ilinganiselwa ku-R700, 000.00.

Okwamanje siqale ngamabhasi angu-20 kanti kuzothi ngokuhamba kwesikhathi siphinde sengeze ngamanye angu-20 phakathi kuka-May noJuly nonyaka. NgoMsombuluko mhlaka 7 May ayaqala ukusebenza amabhasi ngaphansi kwalenkampani.

NjengomNyango sikwazile ukulekelela inkampani ukuthola idepho e-Marberg nedepho yokulinda e-Margate. Womabili lamadepho aselungiswe kabusha.

Sekufakwe nemishini yamathiki esithi ama-Electronic Ticketing Machines emabhasini angu-20 okumanje asethunyelwe ngabakwa-Debis Fleet Management. Kuzoqhubeka kusebenze izindawo zokudayisa amathikithi ebezivele zisetshenziswa yinkampani endala. Ngenyanga yokuqala yokusebenza amathikithi kuzoba ngakakheshi kuphela ngenkathi kusenziwa uhlelo lwamakhuphoni.

UmNyango wenze isiqiniseko sokuthi inkampani entsha ithatha bonke abebesebenza ngokugcwele enkampanini endala. Ngokuxoxisana nenyunyana yabasebenzi iSATAWU, abashayeli nabasebenzi jikelele benkampani endala, sebebonke abangu-40, sebeqashwe UGu Transport Services.

Njengoba simemezela lo msebenzi namhlanje, sifisa ukusho ukuthi ngokomthetho we-National Land Transport Act, izivumelwano okungenwa kuzona zokuxhaswa kwemizila yamabhasi kumele zihambisane nohlelo lwe- Intergrated Transport Plans, olubuye lubizwe nge-Integrated Public Transport Network Plan.

Ukuze siqinisekise ukuhambisana nale Integrated Transport Network Plan, ukubuyiswa kwamabhasi ePort Shepstone ngaphansi kwenkontileka entsha, kwenziwe ngokwesigaba sokuqala se-Integrated Public Transport Network.

Lesigaba sika-Phase 0 sesithole ukwesekwa yi-Public Transport Integrating Committee (PTIC) ehlanganisa umNyango wezokuThutha kuzwelonke, owezokuThutha KwaZulu-Natal, iDistrict nomasipala wendawo kanye nePassenger Rail Agency of South Africa.

Ekugcineni sifisa ukudlulisa ukubonga kakhulu kubo bonke ababambe iqhaza ekwenzeni lolu hlelo lube yimpumelelo. Ngibonga kakhulu ikomiti lezokuThutha esiShayamthetho elisilekelele kakhulu njengomNyango ukuqinisekisa ukuthi udaba lwalapha lugcina ngokulungiseka.

Uma siqhubeka ngale siyobe silekelela kakhulu uHulumeni okade wayiphakamela le ndaba yokufukulwa kwabantu bakithi kwezomnotho. Siyobe silekelela umkhankaso wokuba abanikazi bemboni yamatekisi baphume basabalale nakweminye imikhakha yamabhzinisi kwezokuthutha.

**Ngiyabonga**